12th Annual ALTA Conference

(jointly held with the 11th Annual Conference of the
National Council of Less Commonly Taught Languages - NCOLCTL)

April 24-27, 2008 - University of Wisconsin-Madison

ISIMEMEZELO SESIMEMO SAMAPHEPHA AZOFUNDWA NGEZILIMI ZESINGUNI ENGQUNGQUTHELENI YEZILIMI ZESINTU EZOBA SEMELIKA ENYUVESI YASEWISCONSIN-MADISON NGO-EPHRELI

Ucwaningo olumayelana nezilimi zesiNguni, kanye nokufundiswa/nokufundwa kwazo njengezilimi zokwethekela

Nginazisa ukuthi kuhlelwe ukuthi kube khona ukwethulwa kwamaphepha ngezilimi zeSintu (isiSwahili, isiYoruba, nesiZulu) kwi-ALTA 12 esizoba nayo ngo-April 24-27, 2008 eMelika eWisconsin, eNyuvesi yaseWisconsin-Madison.

Njenganyakenye, bekukhethwe lezilimi ezibalulwe ngenhla ngenxa yokuchuma kwazo ezikoleni zemfundo ephakeme eMelika, kodwa kwabonakala ngonyaka odlule ukuthi kwaba nempumelelo enkulu ukumbandakanya zonke izilimu sesiNguni (isiZulu, isiNdebele, isiSwati, nesiXhosa), nakulonyaka-ke sizoqhuba kanjalo samukele amaphepha azokwethulwa nanganoma yiluphi kulezizilimi. Ngithumela lombiko-ke ukumema amaphepha azokwethulwa kuloluhla lwezilimi zesiNguni. Ngizocela nibheke ingqikithi yengqungquthela yalonyaka okuyiyona ezonilawula ngezihloko zamaphepha enu. Kanti-ke izihloko zingaphathelana nocwaningo jikelele olumayelana nezilimi zesiNguni kanye nokufundiswa kwazo, ubuliminingi neqhaza labo kwinhlanganisela yezizwe ngezizwe, ukusetshenziswa kwethekh'noloji nezinhlobonhlobo zobuciko ezingenza ukufundwa kwezilimi zeSintu kube lula kubafundi. Usuku lokugcina lokwamukelwa kwezifingqo zamaphepha yilo lolu lukaNovemba 30, 2007 olubekelwe izifingqo zamaphepha azokwethulwa ngesiNgisi.

Nokho-ke amaphepha azokwethulwa kuloluhla lwengqungquthela awazothunyelwa njengenjwayelo, azolethwa kimi ngqo, awazothunyelwa ngogesi eUniversity of Wisconsin-Madison njengamanye amaphepha azokwethulwa ngesiNgisi. Ngiyanicela-ke bahlobo ukuthi ningithinte uma nizimisele ukuba yingxenye yaloluhlelo, ningithumelele izihloko nezifingqo zamaphepha enu enihlose ukuwethula. Ikheli lami likagesi nali ngezansi:

Audrey Nonhlanhla Mbeje mbeje@sas.upenn.edu

Okunye engikucelayo ukuthi nisize niwuhlabe niwulawule-ke bahlobo bami lombiko, uma kukhona enibaziyo enibona ukuthi bangase bakuthakasele ukwethula ngolimi lwesiNtu umsebenzi wabo. Sizama ukuthi nabangase bafise ukuba yingxenye yohlelo bakwazi ukuthola isikhathi esanele sokuzilungiselela uhambo lwabo.